

**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA**  
**NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL, UMNUZ WILLIES**  
**MCHUNU, EMKHULEKWENI WOKUTHULA EMATHENI, KWANONGOMA,**  
**1 6 AUGUST 2013**

Mphathi wohlelo;  
AmaKhosi aseNdlunkulu wonke akhona;  
IMeya yesiFunda saseZululand  
AmaKhansela wonke akhona;  
IziNduna zamaKhosi;  
Abefundisi,  
Ubuholi bamaphoyisa obukhona;  
Ubuholi bama-CPF;  
ImiNyango kaHulumeni ekhona ngokwehlukana kwayo;  
Izinhlangotho ezizimele;  
Umphakathi wonke;

Ngifisa ukubingelela ngokukhethekile uMhloniswa, uNgqongqoshe wamaPhoyisa, uMnuz Mthethwa, onathi lapha namhlanje. Siyabonga Nyambose ukuthi ukwazi ukuba nathi namhlanje kule ndawo.

Ngokunjalo, ngifisa ukubingelela nokubonga ukubakhona kukaMphathiswa wezokuPhepha eGauteng, uNksz Faith Mazibuko. Ngiyabonga kakhulu ukuthi ube nathi lapha ngenkathi sifuna ikhambi lale nkinga esibhekene nayo lapha.

Ukuba khona kwakho lapha kusemqoka kakhulu ngoba le mpi esibhekene nayo lapha ibuye ithinte nasifundazwe saseGauteng njengoba kuvame ukuthi izingxabano zisuke nakhona bese zikapakela lapha emakhaya. Nakule mpi yalapha nje siyathola ukuthi abantu bayantshontshana nakhona eGoli.

Ngokunjalo sicela ukubonga uNdlunkulu waseMatheni esilokhu sisebenze naye njalo kulolu daba olulukhuni lwalapha eMatheni.

Ngifisa futhi ukuthathat leli thuba ngibonge kunina nonke enikwazile ukuba yingxenye yalomthandazo. Kuthiwa ke uma sekwehluleke konke kufanele siyekele futhi sicele uSomandla ukuthi angenelele.

Ngifisa ukuzwakalisa ukudumala nokuphoxeka kwami kanye nomNyango lona engiphathiswe wona ngokuthi ukulwa nokubulalana kuyaqhubeka kule ndawo phezu kwayo yonke imizamo yethu yokuthi iphele le ngxabano.

Sekukuningi osekwenziwe ukuqeda lokhu kubulalana kwalapha. Kwamina sengizifikele mathupha lapha ngizothi shwele, ayiphele lempi ukuze izingane zikwazi ukuphindela ezikoleni nalabo asebebaleke emakhaya abo bakwazi ukuphindela khona ukuze impilo ibuyele kweyejwayelekile.

Okungidumaza kakhulu ukuthi phezu kokufika lapha ngixoxe nani ngesidingo sokuqala izingxoxo zokuthula kodwa lokho akwenzeki.

Empeleni akuthathanga isikhathi esingakanani kade ngilapha, kwaqhubeka ukubulawa kwabantu. Ekuqaleni kwalo leli sonto, kuphinde kwabulawa abantu ababili, kwaphinda kwasala izintandane.

Emva kokufika kwami lapha, kutshalwe amaphoyisa amaningi kule ndawo futhi kwabakhona abantu ababoshwayo kwabuye kwatholakala nendathane yezikhali ezingekho emthethweni.

Lokhu siyaye sikugxeke uma kwenzeka kuzo zonke izindawo esifundazweni, kodwa okukhulu nakakhulu lapha KwaNongoma ngokuthi kusehlalankosi, lapho ikomkhulu lesizwe samaZulu likhona.

Siyalazi iqhaza eselibanjwe oNgangezwe lakhe ukuqinisekisa ukuthula emiphakathini yaKwaZulu-Natal. Nathi njengoHulumeni size saba yingxenye yohlelo lwaso iSilo lokugeza nokukhuthaza ukuba abantu babe nokubuyisana ngemuva kwezimpi ezadlula nemiphefumulo eminingi lapha esifundazweni kule minyaka edlule.

Namanje-ke sithi asithathe leli thuba siyikhuze imiphakathi noma imindeni esalokhu iqhubeka nale mikhuba yokulwa nokubulalana. Sihlale sisho ukuthi noma ungahamba ufikephi ezweni, akukho lapho impi yenza abantu bazuze okuhle.

Esikwaziyo okuzuzwa ngabantu nje kuba yinzondo, amagqubu, ukuhlupheka nokusalela emuva ezintweni eziningi engabe zibayisa phambili njengesizwe.

Okubuhlungu ngukuthi impi igcina ichaphazela nalabo abangahlangene nalokho okubangwayo nako uma kukhona. Igcina iwelele nasezinganeni ezazingekho ngenkathi kuqala naleyo ngxabano.

Uthole izingane sezizondana kodwa uma ubuza isizathu uthole ukuthi umuntu uthi oyise bomunye babulala oyise balona omunye.

Uma-ke siwumphakathi osendaweni eyihlalankosi njengalapha, yithina okumele sihambe phambili ukuqinisekisa ukuthi ukuthula okulwelwa yiSilo kuyavikelwa.

Yithina okumele simemeze nakwabanye ukuthi uyamemeza okaNdaba uthi phansi izibhamu, phansi imikhonto kubantu beNkosi.

Baba uNyambose, lapha eKZN sinohlelo oluholwa ngumNyango lokunxenxa imiphakathi engaboni ngaso linye ukuthi ixoxisane ukuze kube nokuthula okuphelele, esithi *i-Communities In Dialogue*.

Mina kanye nethimba lomNyango elengamele lolu hlelo lwe-*Communities-In-Dialogue* sezizame kaningi ukuhlanganisa izinhlangothi esibona kuyizona ezithintekayo lapha ngenhloso yokwenza uxolo.

Kodwa kwathi lapho sekuhlelwe konke, zonke izinto sezimi ngononina, gwiqiqi, ezinye zezinsizwa ezibalwa kulempi zavele zanyamalala.

Mama Ndabezitha nawe Nyambose iyona nkinga ke lapha eMatheni.

Impumelelo yalolu hlelo lokuxoxisana isibonakele kwezinye izindawo, eminye imiphakathi ebisezimweni ezinjena isibuyisene, konke kuhamba kahle - izingane seziphindele ezikoleni, omama balala emakhaya kanjalo noHulumeni usekwazi ukufaka intuthuko kulezo zindawo.

Zolo lokhu, empeleni ngoMsombuluko womhla ka-6 Agasti, besilaphaya Obuka, eNtambanana, lapho umphakathi ubuwenze umcimbi wokubonga ukufika kokuthula nokuxolelana endaweni.

Namanje umNyango umi ngomumo futhi ulungele ukusiza ukuvula inkundla yokuxoxisana kulabo abaxabene lapha eMatheni.

Uma sengiphetha, Nyambose, abefundisi nobuholi bonke emazingeni ehlukenene, mangisho nje ukuthi ukubakhona kwenu lapha kunginika ithemba lokhuthi uMdali angase asinike isu lokuqeda lempi.

Ngaphambi kokuthi ngihlale phansi, ngicela ukusho ukuthi enye into engiphethe kabi kule ndawo naKwaZuluNatali jikelele ukuba khona kwezikhali ezingekho emthethweni phakathi kwethu.

Iqiniso nje lapha, cishe bonke ababulewe kule ndawo babulewe ngezibhamu ezingekho emthethweni.

SinoNyambose emasontweni amabili edlule besilaphaya eThekwini siyocekela phansi izikhali ezigu-19 000 ezingekho emthethweni.

Okwethusayo-ke ukuthi ezingu-17 000 kulezo zatholakala lapha KwaZulu-Natal.

Ngithi ke, uma sengiphetha, angithathe leli thuba ukuthi ngiwuhlabe ngiwulawule kubo bonke ubuholi obukhona nobungekho lapha ukuthi mabenze konke okusemandleni ukuqinisekisa ukuthi izikhali ezingekho emthethweni zinikwa amaphoyisa ngokushesha.

Asibikele amaphoyisa ngalabo abaphatha izibhamu ezingekho emthethweni. Uma singakwenzi lokho kusho ukuthi ukuthula ngeke sikuthole thina lapha KwaZulu-Natal.

Kafushane nje ngithi kusezandleni zethu njengomphakathi ukuqinisekisa ukuthi kunokuthula emiphakathini yethu ngokuthi sibambisane noHulumeni ekuletheni ukuthula.

Bakwethu ngicela ukunitshela ngaphandle kokunanaza ukuthi udlame nokulwa okungapheli angeke kuwuse phambili lo mpakathi walapha KwaNongoma.

Thina esiyaye sikugcizelele kulolu hlelo lokuxoxisana ngokuthi ukhiye wangempela ekuqinisekiseni ukuthula nokuphepha endaweni yizo izakhamuzi uqobo.

Njengesizwe kumele siwuqede lo mkhuba wokuthi uma sinezinkinga sizixazulule ngodlame.

**Ngiyabonga.**